



ethnikids
made for me

UOZZY USIZA INQWABA YEZINHLANZ

IBHALWE
MICHELLE LINDE

IMIDWEBO
ELLEN HEYDENRYCH



IMINININGWANE YOKUSHICILELA

Le ncwadi ishicilelwe yinkampani i-Ethnikids Publishers,
beyishicilela inkampani iWimpy, ngonyaka ka-2024.


Ibhalwe nguMichelle Linde ngonyaka ka-2024.

Imidwebo nguEllen Heydenrych ngonyaka ka-2024.

Ukuhumusha kwesiZulu nguSnegugu Felicia Mpofu

Wonke amalungelo okusebenzisa le ncwadi agodliwe. Awuvumelekile
ukuyishicilela, ukuyikhiqizakabusha noma ukuguqula nanoma eyiphi
ingxenye yale ncwadi nganoma ngayiphi indlela, ngaphandle
kokuthola imvume ebhaliwe evela enkampanini yakwa-Wimpy.

I-Ethnikids Publishers yinkampani engaphansi kwe-Ethnikids (Pty) Ltd.
www.ethnikids.co.za



Kwesuka sukela, kwelinye idolobha elingaphansi
kolwandle,
kwakuhlala khona isilwane esingajwayelekile.

Sasinemilenze emibili,
izingalo eziyisithupha kanye
nezinhliziyi ezintathu ngaphakathi
kwesifuba saso,
ukuhlangana nalesi simangaliso
sesilwane kungashiya umuntu ejabulile.





uOzzy wayeyingwane elaliyigwala,
elithulayo nelinamahloni,
wayengafuni ukwenza abangani
nabanye olwandle.

Ngokusebenzisa ikhono lakhe elehlukile
lokushintsha
isakhiwo sakhe kanye nombala wakhe,
wayekwazi ukucasha kalula.



Olunye uhlobo lwengwane elalinegazi eliluhlaza
okwesibhakabhaka,
nomzimba ogcwele okungathi ubuchopho.
Yayihlakaniphile kakhulu.
Kodwa uOzzy wayengafuni ukuphuma adlale nayo.
Kwaze kwafika usuku lapho izinto zashintsha...

Amanzi aletha isilwane esasiqhamuka kewlinye idolobha.

Kwakuyisilwane sasendle, esasinomusindo, kanti futhi
sasithanda ukuhlekisa.

Lesilwane sasidalwe kahle
sasiside, sinoboya obushelelayo.
Loku kwakungukwakhiwa kwalesilwane
esincane esibukekayo.





uPeewee Prawnson kwakuyigama laso
ukwenza abangani abasha kwakulula
njengokudlala umdlalo.

Ngamehlo alungele izihlanga nemilenze
emihlanu esheshayo,
wayegijima ezungeza ngaphansi kolwandle,
efisa ukuzitholela abangani abasha.

Egcwele uthando lokudlala,
ngaphandle kokumosha isikhathi,
uPeewee wasondela kuOzzy ngendlela enobungani kakhulu.


“Singaba abangani?” ebuza ngenjabulo,
kodwa uOzzy wavele wakhononda wacasuka.

“Ngicela ungiyeke!”

uPeewee akazange aphelelwe amandla, akanyakaziswanga
wukukhononda ngoba wayekholelwa ukuthi uOzzy waye
nomusa enhlizweni.

uPeewee wayebhukuda egcwele umusa,
ezenzela abangani abaningi ekujuleni kolwandle.


uOzzy, namatende akhe angathi ingubo esongene
wayezitshela ukuthi yena akabadingi abangani
ezifihla ngaphansi kwetshe.






Ntambama kwafika ubumnyama phezu kwetshe.

Ngaleyo nkathi umtshuzi wayebonakala ngokugcwele.



Babengazi ukuthi kumele bamesabe, kanti wayezobopha uPeewee nabangani bakhe ngokuthatha inethi ababambe.



uPeewee wakhala kakhulu ngoba wayefuna usizo kulenkinga,

“uBANI OZOSISIZA ASIKHEPHE KULESISIMO ESIBI?”

Eqhamuka ephuma endaweni yakhe yokucasha,
uOzzy wabona ukwesaba ebusweni benhlanzi ngayinye.

Wayazi ukuthi yini okufanele ayilindele.
Phela wake wabhekana nalomtshuzi owesabekayo empilweni edlule.





Wabona ukuthi ngeke avumele ukuthi lokhu
kwenzeke!
Babedinga usizo lwakhe.
uOzzy nezitende zakhe eziyisishiyagalombili
wazinweba, ngesineke, engasabi,
waphula inethi ngamandla akhe onke,
kodwa umtshuzi wayesezimisele ukulwa naye.

Ngakho-ke uOzzy
wakhipha uyinki wakhe,
wamethusa umtshuzi
futhi wamenza axhopheke.



Inethi ladedeleka,
lakhulula zonke izilwane zasolwandle!
uPeewee nabangani babhukuda sebengaphandle.


uPeewee wayesekhululekile,
egcwele injabulo yangempela.
“uOzzy, usisizile! Sekuyisikhathi sokuthi
senze umcimbi!”



Amahloni ayesephelile kuOzzy, wayeziqhenya ngobuqhawe bakhe. Izinhliziyi zakhe zontathu zagcwala injabulo zamatheka. Ngempela wayebona ukuthi yinhle into ayenzile. Ngenjabulo entsha ayitholile, wadonsa umoya waphefumula. Wathatha isinqumo sokuthi uzoyizama lento yobungani. Kusukela ngalolo suku, impilo kaOzzy ayiphindanga yafana nakuqala, nokudlala umacashelana kwaba umdlalo awuthandayo kakhulu, ...noPeewee, wayegcwele injabulo, wayebona ukuthi izingwane zazingabangani abahle.



Olwandle olufudumele i-Indian Ocean,
lapho izimangaliso zabonakala khona,
umusa nobungani
bubalulekile ngaphezulu kwegolide.



INDABA YAPHELA

